# *UJesu Kristu NguYena Izolo, Namuhla, NaPhakade*

. . .?. . .kuwe, phezulu lapha ukuhlanganyela neziphiwo zethu ezehlukene nemikhuba ekhethekile njengoba sikhonza uKristu. Ngethemba kuNkulunkulu ukuthi lona kuzoba umhlangano onamandla nomkhulu, futhi ngikholwa ukuthi kuzoba njalo. Kungaba. . .UNkulunkulu uyathanda ukuba kube njalo, uma sithanda ukwenza umzamo ukuba kube njalo. Sifanele sihlanganise amahlombe ethu ndawonye, sifanele sibeke awethu, hhayi amahlombe ethu kuphela ndawonye, kodwa izinhliziyo zethu ndawonye, futhi sifanele sikhonze, futhi—futhi sikhuleke, futhi sibize omakhelwane bethu, futhi sikhiphe abagulayo nabahluphekile lapha, futhi sixoxisane, sibe nemihlangano yomkhuleko ngakomakhelwane bethu, sithole wonke umuntu lapha esingamthola.

2 Ningadikibali, siphila ehoreni elesabekayo, ihora elesabekayo kongakholwayo, kodwa ihora elimangalisayo ekholweni, ngokuba siseduze nesikhathi sokuphela esibheke kuso ukuFika kweNkosi ebusisiwe. Yingakho silapha, sihlenga isikhathi ngoba siyazi ukuthi asinaso isikhathi esiningi esisele.

3 Manje, kulobubusuku ngokwejwayelekile thina, lolu wuhlobo lobusuku bokwazana, sithola ukuhlangana, futhi sixhawulane, noma okunye nokunye, futhi ngokuvamile uyaphuma, sithi, "Awu, sizo. . ." Angikaze ngikubone futhi, mhlampe, awukaze ungibone, abaningi lapha. Futhi yisikhathi sethu sokuqala ukuthi nje ukujwayelana. Ngakhoke sinejwayelekile, inqubo encane esedlula kuyo ngobusuku bokuqala ukuthi nje ukwethula u—umhlangano, ukuthi usho ukuthini, nendlela esiphatha ngayo thin-. . .imihlangano yethu. Futhi ngaleyondlela khona-ke uyokwazi, uyoba nomqondo othize wa—walokho imikhuba yethu engejwayelekile eyikho.

4 Manje, into yokuqala, asikho lapha ukumela ihlelo elithize, silapha ukumela imbangela, leyombangela nguKristu, silapha ngenxa yenkazimulo yaKhe. Asinazithiyo zamahlelo, asifuni noma yiziphi zalezo, sifuna ukumela lonke ibandla elimele iNkosi uJesu. Sithanda wonke umuntu.

5 Futhi mina uqobo, ngangi, ngangingowebandla iMissionary Baptisti, uDkt. Vayle lapha, engibambisene naye, ungumelusi weBandla iFirst Baptisti lapha e-Ohio, eSpencerville. Kodwa asisiwo amaBaptisti kuphela, siyiPentecostal-Baptisti, singamaNazarene, iPilgrim Holiness, noma yini enye ibandla lakho elikumeleyo, konke lokho elikumele kuKristu, yilokho

esikumele kini: bafowethu. Futhi silapha ukunisiza ukuba nenze lokhu, njengoba uMfowethu E. Howard Cadle wayevamise ukuthi, "Umphakathi okulula ukwenza okulungile, kul'khuni ukwenza okungalungile." Yingakho silapha.

6 Kushiwo ukuthi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, noma umphulukisi ngokukaNkulunkulu. . . Angisuye umphulukisi ngokukaNkulunkulu, angikholwa ukuthi kukhona into enjalo, ngikholwa ukuthi uMphulukisi ngokukaNkulunkulu nguNkulunkulu. Ngikholwa ukuthi siyizikhonzi zaKhe zoMbuso waKhe, ukukholwa kwethu ndawonye kwehlisa izibusiso zaKhe ukuthi uJesu Kristu iNdodana yaKhe yafa ukuze sibe nakho.

7 Angikholwa ukuthi ukhona umuntu emhlabeni onamandla okuphulukisa noma ubani; angikholwa ukuthi kukhona umuthi emhlabeni onamandla okuphulukisa noma ubani. Angikholwa ukuthi kukhona udokotela oqotho ongake akutshele ukuthi umuthi wakhe uyokuphulukisa. Uma esho, impela unephutha, kunye kuphela ukuphulukisa, lowo nguNkulunkulu.

8 Isisekelo sethu yiBhayibheli, sikholwa ukuthi iBhayibheli liyiZwi elingenakuphosisa likaNkulunkulu ophilayo. Futhi siyakholwa ukuthi yonke into eyenziwe ifanele ivele eBhayibhelini, konke ukufundisa kufanele kwesekeleke eBhayibhelini.

9 Manje, eTestamenteni eLidala babenendlela yokwazi ukuthi ngabe umprofethi noma umphuphi wakhuluma iqiniso, lokho kwakungukuthi, babene-Urimi neThumimi. Abaningi benu befundisi nani bothisha bakaSonto sikole niyazi ngakho. Ngenkathi umphuphi ephupha iphupho, noma umprofethi eprofetha, babayise ethempelini, futhi kwakukhona isivikelo sesifuba esasinqamula esifubeni sika-Aroni, futhi phakathi lapho kwakukhona amatshe okuzalwa enhloko ngayinye yesizwe sezizwe eziyishumi nambili zakwa-Israyeli, ngenkathi lomprofethi wayeprofetha, akunandaba ukuthi iziprofetho zakhe zazibonakala ziyizo ngempela kanjani, uma kwakungekho kuKhanya okwabaneka phezu kwalokho, ukuKhanya okungaphezu kwemvelo ngenkathi lowomprofethi eprofetha, bakwenqaba ngokungesikho, ngoba kwakunguNkulunkulu eqonda isiprofetho somprofethi.

10 Futhi niqaphelile ukuthi kwenziwa ngokungaphezu kwemvelo na? Njalo uNkulunkulu ungaphezu kwemvelo, lapho uNkulunkulu ekhona, izinto ezingaphezu kwemvelo ziyenzeka. Bese kuthi-ke uma uNkulunkulu ubehlala njalo engaphezu kwemvelo, Uyohlala njalo engaphezu kwemvelo, ngakho-ke. . . kodwa okungaphezu kwemvelo kufanele kuqinisekiswe nguNkulunkulu; siyazi ukuthi kukhona zonke izinhlobo zokukholwa ngokomoya. Kukhona zonke izinhlobo zezichasiselo ezibonwa ngokucabanga ezehlukene, amadlingozi, nayo yonke

into ezweni namhlanje, kodwa phakathi kwakho konke, kusalokhu kukhona uNkulunkulu weqiniso nophilayo.

11 Nakuba ngezinye izikhathi abantu bebona izinto okungukuthi, mhlawumbe bekuyobonakala kunethunzi, kumnyama kancane kubo, kodwa khumbulani ukuthi yonke into uSathane anayo, kuyinto-mbumbulu nje yokwangempela. USathane akakwazi ukudala, uSathane angaphendukezela kuphela lokho uNkulunkulu akudalile; munye kuphela uMdali, lowo nguNkulunkulu, munye kuphela uMphulukisi, lowo nguNkulunkulu.

12 Manje, ngenkathi i-Urimi neThumimi endala sekuqediwe ngayo, nobupristi buka-Aroni, uNkulunkulu unenye i-Urimi neThumimi yalobubupristi, leyo yiBhayibheli laKhe. "Ngokuba kodlula amaZulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze lehluleka," kwasho uJesu. "Futhi noma ubani oyosusa noma yini kuleNcwadi, noma enezele eyodwa, noma yini kuYo, okufanayo kuzosuswa, isabelo sakhe sikhishwe eNcwadini yokuPhila." Ngakho-ke *Lena* yilo lonke uhlelo lukaNkulunkulu. Futhi uma umprofethi eprofetha, umshumayeli eshumayela, umphuphi ephupha, umvangeli uyakhuluma, kumbe noma yini ephambene naleliZwi, sinelungelo lokungabaza indoda. Kodwa yonke into ifanele ifike ngokuphelele ku ISHO KANJE INKOSI eBhayibhelini.

13 Manje, angikho lapha ukuba nginitshele ukuthi uNkulunkulu akazenzi izinto engalotshiwe kuleliBhayibheli, Wenza noma yini Ayifisayo, UnguNkulunkulu, kodwa kimi angifuni lutho olungaphansi kwalokho uNkulunkulu anakho kuleliBhayibheli, futhi angifuni ukwengeza lutho kuLo, kodwa ngifuna yonke into Anayo ilotshwe kuLo ngenxa yakho nami.

14 Futhi sonke isibusiso sokuhlenga singesakho nami, into kuphela ngukuzithathela ukukholwa ukusemukela. "Ngokuba *Ya*linyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, *Ya*chotshozwa ngobubi bethu: nesijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo, nangemivimbo yaYo *si*philisiwe thina." Konke kuyinkathi edlule, ngumsebenzi osuqediwe, kuyinto ethize esiyibuka nje eKalvari lapho umhlatshelo omkhulu wenziwa khona, futhi lapho sidonsa imivuzo ekufeni kwaKhe ngokukholwa kwethu emsebenzini waKhe osuqediwe. Akukho engingakwenza, akukho omunye umuntu angakwenza, kodwa kuyilokho uNkulunkulu akwenzile nalokho esikholwa ukuthi Ukwenzile, ngakho-ke sikuthatha eZwini futhi sisekele ukukholwa kwethu phezu komsebenzi osuqediwe.

15 Futhi manje, ngizosho lokhu njengoba ngiqhubeka nokuqoshwa kulokhu ukuqopha: ukuthi isimo sengqondo esifanele ngakunoma yisiphi sezithembiso zobuNkulunkulu zikaNkulunkulu, sizokufezekisa, angikhathali ukuthi kuyini. Uma ungakubuka esimweni sokuziphatha esifanele, ukukholwe,

uNkulunkulu uzokwenza zonke izithembiso Azenzile zibe yiqiniso.

16 Ngingahle ngingakwazi ukwenza zonke izithembiso zibonakaliswe empilweni yami, ngingahle ngingakwazi ukukwenza kubonakaliswe empilweni yomunye umuntu, kodwa angisoze ngama endleleni yanoma ubani ongakwenza, ngizoba ngowabo, ngizobakhulekela.

17 Ngingahle ngingakwazi ukuhamba lapho uJoshuwa enza khona ngokumemeza okwazamazamisa izindonga zaseJeriko, futhi kanjalo nami ngeke ngikwazi ukuhamba no-Enoke owashaywa umoya wantambama ngoluny'usuku noNkulunkulu futhi wahamba yonke indlela waya eKhaya naYe, ngingahle ngingakwazi ukuba nalolohlobo lokukholwa, kodwa ngilwela lokho kukholwa, futhi ngikukholwa ngenhliziyo yami yonke, futhi ngikhuleka kuNkulunkulu ukuba anikeze lokho kukholwa ngokushesha, ngoba yileyondlela iBandla laKhe eliya ngayo eKhaya ngoluny'usuku, ukushaywa umoya okuncane kwantambama, noHlwitho luyobe selukhona futhi siyobe sesihambile.

18 Manje, kwangathi iNkosi ingengeza izibusiso zaYo kulokho esikwenzayo nalokho esikushoyo, ngoba lobo ngubuqotho benhliziyo yethu ngukwenza lokho okulungile ebusweni bukaNkulunkulu ngokweZwi laKhe.

19 Manje, ngithanda nje ukunibuza okuthize. Ngenze inkulumo-mbiko emizuzwaneni embalwa edlule, ukuthi bekungekho ukuphulukisa emthini, manje, asizisho ukuthi siza lapha uku—ukutshela udokotela, "Awusabalulekile." Qhabo, mnumzane. Siza lapha ukuzokhulekela isiguli sakho, Dokotela, ngiza ukuzokhulekela isiguli sikadokotela, umntwana kaNkulunkulu, umngane wami. Angifuni ukuthatha isiguli kudokotela, udokotela unendawo yakhe, futhi sikuhlonipha kakhulu lokho. Futhi sikhulekela ososayense nsuku zonke, kanjalonjalo, ukuthola imikhakha yezokwelapha endaweni kadokotela ezosiza bonke abagulayo nabadingayo.

20 Kodwa awukaze ubekhona umuthi owake waphulukisa noma yimuphi umuntu, futhi akukaze kube khona umuntu owake wakusho owayekahle ngokwengqondo. UNkulunkulu wathi emaHubweni 103:3, "NgiyiNkosi Ephulukisa zonke izifo zenu." Uma lokho kuyiphutha, khona-ke konke okunye kwakho kuyiphutha, lonke iZwi likaNkulunkulu liqinisile. Kungebebikho okunye. . . Uma uNkulunkulu enephutha endaweni eyodwa, Unephutha kuzo zonke izindawo, uma Eqinisile, Uqinisile. Uma *Leli* liyiqiniso, khona-ke Liyiqiniso; uma Lingesilo iqiniso, khona-ke aLisilo iqiniso. Ngakho bengingeke ngazihlanganisa nalutho nanoma yini eyayingesilo iqiniso, bengingeke ngibe lapha kulobubusuku, kuphela njengoba ngiLazi ukuthi liyiqiniso.

21 Ake nginikhombise nje into elula encane: Ukuba-ke ngisike isandla sami kulobubusuku ngommese lapha emsamo, noma, isandla sami besisikwe ngommese na? Manje, asinawo umuthi owenele ezweni ukuphulukisa lokho kusikwa ngummese esandleni sami, ungeke nje ukwenze; asinamuthi ozophulukisa ukusikwa ngummese. Ukuba benginomuthi obungaphulukisa ukusikwa ngummese esandleni sami, ubungaphulukisa ukusikwa ngummese ebhantshini lami, ubungaphulukisa ukusikwa ngummese kuleliphansi, noma lelideski. Uma uzophulukisa ukusikwa ngummese, uzophulukisa noma yikuphi lapho ukusikwa ummese kukhona.

22 Wena uthi, "Mnu. Branham, umuthi awenzelwanga ukuphulukisa ibhantshi lakho nedeski lakho, wenzelwa ukuphulukisa umzimba wakho."

23 Kulungile. Uma nginokusikwa ummese esandleni sami, futhi ngiwe phansi ngafa, futhi ubuyothatha umzimba wami wehlele lapha emakhazeni omngcwabi, futhi bebeyogqumisa umzimba wami ngoketshezi oluyongenza ngibukeke ngingowemvelo iminyaka engamashumi amahlanu, futhi nsuku zonke omunye wodokotela bakithi ababedlula bonke uyofika anginike umjovo kazifozonke, anginike umuthi i-salfa, athele iMerthiolate, zonke izinhlobo zomuthi wokugcoba nomuthi wokuhlikihla, nawo onke amakhambi esinawo, iminyaka engamashumi amahlanu kusukela namhlanje lokho kusikeka bekuyobukeka impela nje njengoba kwenza ngehora okwasikwa ngalo. Manje-ke uma umuthi wenzelwa ukuphulukisa umzimba womuntu, awuwuphulukisi ngani na?

24 Uma ngiphumele lapha ukuba ngigwedle imoto yami ngase ngephuka ingalo yami, futhi yangibulala, futhi bahamba base behlela ingalo yami, bafaka izingcezu ezinhle kunazo zonke kuyo, bahlikihla zonke izinhlobo zomuthi wokuhlikihla nezinto phezu kwezingalo zami, futhi bengiyobukeka ngingowemvelo iminyaka engamashumi amahlanu, leyongalo yayiyobe isaphukile njengoba nje yayinjalo ngosuku engayephula ngalo. Awu, manje-ke uma umuthi ungumphulukisi, awuwuphulukisi ngani umzimba womuntu na?

25 Khona-ke wena uthi kimi, "Ngani, Mfowethu Branham, ngani, isizathu kungakwenzi, ngoba ukuphila kuphumile kuwe.

26 Yilokho-ke. Manje-ke yimuphi umphulukisi, umuthi noma ukuphila na? Ukuphila kungumphulukisi, bese kuthi-ke uNkulunkulu ungukuphila, ukuphila kwenza ukuphulukisa. Umuthi awusakhi isicubu, umuthi awuwakhulisi amangqamuzana okuphila, umuthi kuphela ugcina kuhlanzekile ngenkathi uNkulunkulu ekhulisa amangqamuzana okuphila, ayakhula, ahlanganisa ingalo yakho, aphulukisa indawo esikiwe. Ngakho umuthi awuphulukisi, umuthi ungusizo.

27 Omunye washo kimi kudala, wathi, "Manje-ke kuthiwani ngenyumoniya na? Uma unenyumoniya, udokotela ukunika umjovo kazifozonke." Wathi, "Wenzani umjovo kazifozonke na?

28 Ngathi, "Uma ubunendlu yakho igcwele amagundane, futhi ayedla izimbobo kwiplasta nakulo lonke iphansi lendlu, amagundane, futhi ukhipha ushevu wamagundane, wabulala onke amagundane, ungahle ubulale amagundane, kodwa ungeke upheshe izimbobo azidlayo." Ngathi, "Uyilokho umjovo kazifozonke, ubulala amagciwane omkhuhlane, kodwa awuwapheshi amangqamuzana adatshulwe alahlwa phansi, uNkulunkulu ufanele enze lokho, ngakho Nguyena kuphela uMphulukisi." UNkulunkulu unguMphulukisi. Bese kuthi-ke ngukukholwa kwakho kuNkulunkulu; futhi abantu abaningi banokukholwa ngokuzwa okuncane futhi abakwazi.

29 Manje, uhlelo lomhlangano wethu. . .EMelika kul'khuni kubantu ukuba bakubone, abantu baseMelika. Imihlangano yami emikhulu kunayo yonke ibanjwe eSwitzerland, eJalimane, ne—ne-Afrika, neNdiya lapho abantu abaningi ngangezinkulungwane ezingamakhulu amahlanu bethamela khona ngesikhathi esisodwa, izinkulungwane ezingamashumi amathathu ngesikhathi zemukela uKristu, ne—nezinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu zaphulukiswa ngomzuzwana owodwa—owodwa, imithwalo yezimoto yezinduku zokuqhugela, nezinto, kuthathwe emkhulekweni owodwa—owodwa phezu kwabantu.

30 Thina bantu eMelika siyisihlakaniphi, sifuna ukubungazwa, futhi konke kungubuhlakani. Sondleke kahle, sifundiswe kahle, kahle kakhulu, bese kuthi-ke sifika endaweni size sazi kakhulu kunoma uNkulunkulu azi. Lapho ungaba lula kakhulu, uyomqonda kakhulu uNkulunkulu.

31 Hhayi njengoba ngizama ukusebenzisa lokho, izinduku zokuqhugela ngokungazi kwami uqobo, ukuntuleka kwemfundo yami, angikwenzi lokho, ngizama kuphela ukwenza iphuzu ukusho lokhu: Imfundo ilungile endimeni yayo, kodwa imfundo nenkolo akuhambisani ndawonye, kuqhelelene kakhulu. Imfundo, isayense ibeyisithiyo esikhulu kunazo zonke iVangeli eselake laba naso.

32 Ensimini yase-Edene kwakukhona imithi emibili: owodwa wawuyisayense, omunye kwakungukukholwa. Ngenkathi umuntu eshiya uMuthi wokuPhila, ukukholwa, futhi waluma okokuqala eMthini woLwazi, isayense, wabhubhisa inhlanganyelo yakhe noMenzi wakhe. Njalo lapho eluma ukuluma kulowomuthi, usazehlukanisa noNkulunkulu. Ngakho awumazi uNkulunkulu ngemfundo, awuMazi ngocwaningo lwesayense, wazi uNkulunkulu ngokulula, ukukholwa komntwana, yileyondlela owazi ngayo uNkulunkulu. Ngokukhohlwa imfundo yenu, ngokukhohlwa yizo zonke ezinye

izinto, futhi nazi kalula nje ukuthi niyisidalwa sokudaliweyo kwaKhe, lapho nazi uNkulunkulu ngalokho, kulula kanjalo.

33 Futhi lapho uzama ukuvalela uNkulunkulu ehlelweni elilodwa elincane noma isenzo esisodwa esincane, uzibekela umkhawulo. UNkulunkulu usibekela izindawo zonke, U—Ukuyo yonke indawo, uNkulunkulu unamandla onke, onamandla onke, osezindaweni zonke, owazi konke, wazi zonke izinto, angaba noma kuphi noma ngasiphi isikhathi, futhi Unamandla onke. Uma uthola ukwazi ukuthi Mkhulu kangakanani, khona-ke ungazi okuthile ngamandla aKhe. Bukani umhlaba nezulu, bukani izinkanyezi, bukani izihlahla, ningabona ukuthi uNkulunkulu unguBani.

34 Manje, abantu baseMelika ufundiswe isiko elidala lamaJuda: ukubeka izandla phezu kwabagulayo. Omunye wathi kimi izikhathi eziningi, "Mfowethu Branham, u-Oral Roberts uzokhulekela amakhulu amahlanu ngenkathi usathola abathathu. Ngenkathi usakhulekela abantu abathathu, u-Oral uzokhulekela amakhulu amahlanu."

35 Lelo—lelo yiqiniso. Kodwa, niyabo, ngeke ngaba ngu-Oral Roberts, nakuba engumngane wami wesifuba nendoda emangalisayo kaNkulunkulu, nokho, ngeke ngaba ngu-Oral Roberts, u-Oral Roberts ngeke aba nguWilliam Branham. Sobabili sinenkonzo, u-Oral Roberts wenza lokho uNkulunkulu amtshela ukuba akwenze, ngenza lokho uNkulunkulu angitshela ukuba ngikwenze.

36 Manje, sifundiswe i—isiko, ukubeka izandla, "Beka izandla zakho phezu kwami," lelo kwakuyisiko lamaJuda. Uma uzolandela emBhalweni, iJuda lathi, "Woza, ubeke izandla zaKho phezu kwendodakazi yami, futhi izophila."

37 Kodwa oweZizwe, wathi, "Angifanele ukuthi Ungene ngaphansi kophahla lwami; khuluma iZwi nje, futhi inceku yami izophila."

38 UJesu akazange athi kuJayiru, "Kukhulu ukukholwa kwakho, Jayiru." Kodwa Wathi koweZizwe, "Angikaze ngikubone ukukholwa okunjalo kwa-Israyeli."

39 Yilokho esingakwazi neze ukuqeqesha abantu baseMelika ukuba bakwenze ngukwemukela uKristu nalokho Akusho. Ngakho-ke emihlanganweni yami, akusikho ukubeka izandla phezu kwabagulayo, yilokho e—engingakwenzi (Ngiyakwenza, kodwa hhayi ngesilinganiso njengoMnu. Roberts, uMnumzane. . . i . . . uMnu. Allen, nabaningi bamanye amadoda.), umhlangano wami ngumhlangano woku, nesiphiwo ukuletha uBukhona bukaKristu ukuze niMthinte, ningemukela isibusiso saKhe.

40 Izandla zami bezingesho lutho, ngingumuntu, kodwa uma nje isandla saKhe sike saba phezu kwakho, kukhona okwenzekayo. Esami kungahle kube yisayense ephathelene

nengqondo, esami kungahle kube idlingozi noma umuzwa, EsaKhe singukukholwa namandla. Nidinga izandla zikabanike, esami noma esaKhe na? Nidinga esaKhe. Yilokho esilapha ukuzama ukuniletha kukho, ukuqonda kokubakhona kwaKhe ezindaweni zonke.

41 Manje, ubusuku ngabunye kunamakhadi omkhuleko akhishwayo. Futhi isizathu sokuba sikhiphe amakhadi omkhuleko ngukushayisa abantu umugqa ukuze kungafani nenkundla yemidlalo, kuzofanele, ungene emgqeni womkhuleko ngenhlonipho omunye nomunye, umuntu ngamunye ethatha indawo yakhe. Ngenkathi kukhona oyedwa ophulukisiwe emgqeni womkhuleko, kukhona abangamashumi amahlanu abaphulukisiwe ngaphandle komugqa womkhuleko, njalo.

42 Futhi manje, sasivame uku, ngangi, ngenkathi ngiqala ukuqala ezinkonzweni, ngangivele nje ngithumele onke amakhadi kubefundisi owayebambisana, ikhulu kumuntu ngamunye. Umuntu wokuqala wangenisa iqembu lakhe, lokho kwathi akukuxazulule, uma kwakungumhlangano wobusuku obuthathu noma obune, ngoba asifinyeleli kulabo abaningi. Kwase-ke kubangela imizwa phakathi kwabefundisi.

43 Okulandelayo engakwenza khona-ke kwakungukuthumela indoda ezansi futhi ngiyidedele ikhiphe amakhadi omkhuleko nje onke usuku lokuqala, mhlawumbe amakhadi angamakhulu amaningana. Awu, manje-ke uma wawungekho lapho ngosuku lokuqala, ubungeke ungene emgqeni womkhuleko, kwakukhona isikhalo salokho.

44 Khona-ke ngangibathumela ezansi futhi ngibavumele bakhiphe amakhadi omkhuleko *amaningi kangaka* usuku ngalunye, bese kuthi-ke ngiyobiza ngiqala ngelokuqala noma into efana naleyo, bese-ke ngiya ngobusuku obulandelayo elesibili, emgqeni olandelayo wamakhadi, futhi ngobusuku obulandelayo ngiqale noma yikuphi lapho engishiye khona. Kukholwe noma qha lapho indoda ikhipha amakhadi omkhuleko, babeyokwenza, uma bengayitholanga inombolo phakathi kweleshumi noma ishumi nanhlanu impela bebengeke babenakho, bebeyoliphosa kwiphansi.

45 Ngase ngithi-ke ngeke ngakwenza ngaleyondlela, ngakho ngizovele ngikhiphe amakhadi omkhuleko, futhi ngizoba nomunye umntwana omncane ukuba akhuphuke futhi aqale ukubala, nalapho yena umfana ema khona, noma yona intombazane, yilapho engizoqala khona. Kukholwe noma qha, umama wayeyoba nomncane ukuba ame nje lapho ikhadi lakhe lalikhona, ngakho, sisasebenzana nezidalwa ezingabantu, lokho bekungeke kusebenze.

46 Ngakho ngobunye ubusuku emkhulekweni, iNkosi yembula kimi ukuba nje ngehle usuku ngalunye, ngikhiphe amakhadi omkhuleko, ngiqale noma yikuphi lapho Abeka khona

enhliziyweni yami kusukela ngesikhathi engifike ngaso emsamo. Ngakho-ke akekho owayazi ukuthi anikwe kuphi umuntu ikhadi lomkhuleko, elalizomfaka emgqeni womkhuleko.

47 Ngesinye isikhathi nganginendoda eyayise. . .ikhipha amakhadi omkhuleko, futhi ngayibamba, eyodwa enye indoda yakwenza, ithengisa ikhadi lomkhuleko elizoqinisekisa ukuthola unkosikazi wendoda emsamo, yaxoshwa ngalobobusuku.

48 Ngize nomfowethu, ngangazi ukuthi wayengeke akwenze lokho. Ngenkathi umfowethu eshadelwa, ngaletha indodana yami. Kunabantu abathathu abakhipha amakhadi omkhuleko: indodana yami, uma kuyiqembu elincane njengaleli, uma amaqembu eba nzima ngokwedlulele, uMnu. Mercier lapha, engibambisene naye, uMnu. Goad, bangabafana bamateyipu, onamateyipu emihlangano, bakhipha amakhadi omkhuleko, futhi, ukusiza uBilly.

49 Bese kuthi-ke thina nje, noma yikuphi lapho iNkosi ikubeka khona phezu kwenhliziyo yethu, kusukela ngaleyonkathi siqala kusukela khona lapho, kungahle kube kwelokuqala, kusasa ebusuku emashumini amahlanu, futhi ngobusuku obulandelayo mhlawumbe kweleshumi, futhi ngobusuku obulandelayo kweleshumi nambili, futhi ngobusuku obulandelayo emashumini ayisikhombisa-nanhlanu, akekho owaziyo size sifike lapha. Ngicabanga ukuthi lokho kuhloniphekile nje njengoba kungaba njalo.

50 Khona-ke wonke umuntu uthola ithuba uma amakhadi abo omkhuleko, ubusuku noma. . .Futhi lokho akuhlangene ngalutho nakho, kuphela kuthola omunye phezulu lapha. Uma ugcobo lukaMoya oNgcwele luqala ukungena emihlanganweni, bese kuthi-ke konke phandle ezethamelini yonke indawo, iNkosi uNkulunkulu iqala ukubiza abagulayo nabahluphekile.

51 Manje, ngaphambi kokuba sivule iZwi laKhe, asinaso isikhathi esiningi kakhulu, sifuna ukunikhipha njalo ebusuku phakathi kwelesishiyagalolunye nelesishiyagalolunye ligamenxe, lokho kuzoninika amathuba ukuba niye emakhaya enu lowo ohlala ngaphandle kwedolobha, nibuye. Asibeke izinhliziyo zethu kukho manje. Ngineqiniso niyaqonda.

52 Futhi uma kukhona noma yini oyisilele ekuqondeni, into ethize ongayiqondi, engibambisana naye uMfowethu Vayle, lapha, ukhona ngazo zonke izikhathi ukuchaza noma yini ebonakala iyimfihlakalo kinina bazalwane abakhonzisayo, noma ngabe ukuphi, noma yiliphi ilunga nje, noma yini. Uma kukhona umbuzo, uma sike sashumayela noma yini, noma senze noma yini engesiso isithembiso sikaNkulunkulu kuleliBhayibheli, unelungelo lokuza kithi futhi usibuze njengabazalwane. Futhi sinicela ukuba nenze lokho, siyanicela,

njengabafowethu nodadewethu ukuba nize kithi. Sifuna ukuba yizinceku zikaKristu, yilokho esikumele emhlabeni jikelele.

53 Futhi ngifuna nje ukusho lokhu, abaningi abangaziyo, nabangane bami baphakathi lapha kulobubusuku: Ngisanda kuthola ithelegramu yami ephendulayo kulokhu ukusa evela eThekwini, eNingizimu Afrika, umbono lapho abantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amathathu bezobuthana khona masinya impela benzele umhlangano ozayo khona masinya. O, ngibonga kakhulu ngalokho! Dkt. Vayle, angazi noma wena, yebo, ngikholwa ukuthi nginitshelile endlini yokungenela esikhashaneni esedlule ukuthi sesibuyile manje. Ngiqagele sizo. . . Incwadi yemininingwane izofika maduze.

54 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje manje, ngaphambi kokuba sivule leliZwi elingcwele. Noma yimuphi umuntu ngokomzimba angaphendula izandla zakhe, angalivula leliBhayibheli, kodwa akekho ongavula isambulo saLo ngaphandle kwaKhe owaLilobayo, uMoya oNgcwele; ngakho asikhuleke manje.

55 Nkulunkulu oPhakade nobusisiwe, njengoba simi kulobubusuku phakathi kwabaphilayo nabafileyo, futhi kusengcupheni kulobubusuku, akungabazeki, izoni, imiphefumulo engakaze iKwemukele njengoMsindisi oqondene nabo njengamanje. Futhi siyaqonda, Nkosi, uma bebengadlula kulokhu kuphila bangene ekuphileni okuzayo ngaphandle kokwazi Wena, o, bekuyoba lusizi kakhulu umcabango ukucabanga ngawo.

56 Ngakho, Nkosi, sizoKucela ukuba uhlole izinhliziyo zethu kulobubusuku, futhi uma bukhona ububi ngathi, sehlisele emlilweni waseKalvari ohlungayo futhi lapho usihlanze kukho konke ukungalungi, ukuthi izindebe zethu ziyohlanzwa njengomprofethi ethempelini ngenkathi ebona amaKherubi namaphiko awo emboza ubuso bawo futhi emboza izinyawo zawo, futhi lapho ememeza, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu uSomandla!"

57 Makuthi amaKherubi kaNkulunkulu andize kulesisakhiwo kulobubusuku, futhi avakashele zonke izinhliziyo, futhi akhulume kubo ngokwaHlulela okuzayo okuseduze, futhi ngaphandle. . . simi eBukhoneni baKhe Onguyena kuphela uMlamuleli wethu, iNkosi uJesu, Oyosimela ngaloloSuku. O, bekungaba yinto embi kanjani ukuzama ukuzibophezela ukuma esiHlalweni esiMhlophe ngaphandle kukaKristu!

58 Sizocela Wena, Nkosi, ukuthi Uzogcwalisa futhi uzibonakalise Wena uqobo ebukhoneni balababantu kulobubusuku, nokuvuka kweNdodana yaKho ethandekayo nethandiweyo, iNkosi uJesu. Sizocela ukuthi yonke inhliziyo yomuntu, Nkosi, izofafazwa kabusha ngomlotha ongcwele waseKalvari, ukuze baMbone Owanikeza isithembiso, futhi

bazi ukuthi Ukhona, futhi ngokwenzenjalo bayoMemukela njengoMsindisi womuntu siqu, nabagulayo nabadingayo bayophulukiswa.

59 Kwangathi kungebebikho obuthakathaka, Nkosi, ongena kulesisakhiwo kuleliviki kodwa ozophuma lapha ephulukisiwe. Siphe khona, Nkosi. Futhi kwangathi isoni singengene phezu komyango omkhulu walendlu, kodwa esiyophuma lapha sithokoza eBukhoneni beNkosi uJesu njengoMsindisi wazo.

60 Sizocela ukuthi Uzobusisa lesisikole, Nkosi, esisivumele ukuba sibe nalelihholo elikhulu. Futhi manje sinikela lendlu enkazimulweni kaNkulunkulu. Futhi kwangathi iziNgelosi zikaNkulunkulu zingakhonzisa usuku nosuku, nobusuku nobusuku, kuze kuthi, lapho singena endaweni, siyozwa ukuthi bekuyoba yizinkundla ezingcwele esinyathela kuzo.

61 Busisa wonke umfundisi, labo ababambisanayo, okhiphe amabandla abo, busisa labo abashayele izindlela ezinde ukuze bafike lapha, bonke abantu bendawo, baphe, Nkosi, ingcebo yaKho, siyakhuleka, ensindisweni, nasezibusisweni zokomoya, nasezibusisweni zenyama. Futhi kwangathi lomhlangano omncane ungaqala imvuselelo eyifeshini endala ezoshanela kusuka ohlangothini olulodwa lwalesisifunda kuye kolunye. Siphe khona, Baba.

62 Khuluma ngezindebe, Nkosi. Busisa owethu othandekayo, umfowethu othandiweyo, uDkt. Vayle, njengoba ekhonzisa enkonzweni yantambama ukushukumisa ukukholwa okumsulwa kubantu. Siza inceku yaKho engenanzuzo ebusuku, Nkosi, njengoba ngiza nalenselelo ezweni: ukuthi uJesu uhlala enguye izolo, namuhla, naphakade. Kwangathi iZwi laKho elingehluleki nokusekela kwaKho kukaMoya waKho kungasinyakazisa ngendlela enkulu.

63 Sithethelele izono zethu manje, futhi usisize njengoba sihamba singena kulenkonzo ukufunda iZwi laKho eliNgcwele. Kwangathi kungashiwo njengoba sisuka lapha kulobubusuku, njengalabo ababevela e-Emawuse ngenkathi Wenza into ethize ethi ayibe ngendlela eyimfihlakalo, ngendlela okungekho omunye umuntu owayengakwenza ngayo, noKleyophase nomngane wakhe bathi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?"

64 Ngokuba lapho, Waze waba nabo ngaphakathi kwendlu neminyango yavalwa, Wenza into ethize njengoba Ayenza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, futhi bazi ukuthi Wayevukile kwabafileyo. Ngezinhliziyo ezilula nezinyawo ezisheshayo baphuthuma babuyela emuva ukuba bathi, "Qiniso Uvukile kwabafileyo!" Siphe lesosibusiso esifanayo kubantwana baKho abalindile, ngokuba silinda ngokubekezela iZwi laKho noMoya waKho. EGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

65 Ngifisa ukufunda encane, indikimba ejwayelekile kulobubusuku, kanye ne. . .noma ukufundwa komBhalo, njalo. Nendikimba yethu itholakala kulobubusuku kumaHeberu 13:8:

*UJesu Kristu nguyena izolo,. . .namuhla, naphakade.*

66 Ngifisa ukufunda eNcwadini kaJohane oNgcwele isahluko 12, okwengxenye yokufunda kwakhe, noma, imibhalo yakhe. Futhi sikholwa ukuthi iZwi alinakuphosisa. Kutholakala esahlukweni 12, amavesi lama 20 nelama 21:

*Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyuka ukuba bakhuleke emkhosini:*

*Lawo-ke aya kuFiliphu, waseBetsayida laseGalile, bamcela, bathi, Mnumzane, sithanda ukubona uJesu.*

67 Kwangathi uNkulunkulu anganezela izibusiso zaKhe eZwini laKhe. LeliZwi engisanda kulifunda nje, emva kokuba lingasekho izwe, lapho lingasekho ilanga, noma inyanga, noma izinkanyezi, leliZwi lizohlala lifana, ngoba LiyiZwi likaNkulunkulu ongenasiphelo.

68 Nalombuzo owabuzwa nje yilamaGreki, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu," futhi ngiyamangala kulobubusuku kulezizethameli ukuthi iNkosi uNkulunkulu isithumelele zona kulobubusuku, bangaki nje phakathi lapha, ngingahle ngibuze, obenganikeza lowombuzo ofanayo ukuba babephile ngalolosuku na? Ukuba wawuzwile ngaYe, ukuthi Wayemkhulu kangakanani, nawaKhe amakhulu, amandla amahle kakhulu, ngiyazibuza nje noma wena nami besingeke yini sibuze lowombuzo olula ofanayo. Futhi uma sihlangane noFiliphu waseBetsayida, angazi noma besingeke yini sibuze lowombuzo ofanayo.

69 Manje, uFiliphu wayengomunye wabefundisi baKhe, noFiliphu kwaba nguye owabethula kuJesu. Nombuzo wawungesikho ukuthi, "Ukuze sibone amandla aKhe." Hhayi ukuthi, "Ukuze sibone isimangaliso esithize esikhazimulayo Ayosenza," nakuba Asenza. Kodwa umbuzo wawungukuthi, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu."

70 Bese kuthi-ke endikimbeni yethu, sithola ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Bese kuthi-ke phezu kwalokhu besingamangala ukuthi kungabakhona yini inceku namhlanje ebingasethula kuloMuntu owayedonse ukunaka okukhulu kwabantu.

71 Manje, sifundiswa ukuthi Wayengesuye uMshumayeli onamandla. IBhayibheli lathi iPhimbo laKhe alizwakalanga ezitaladini, futhi U. . .kanjalonjalo, futhi, kodwa amaZwi aKhe ayephelele kakhulu, uBaba waze wahlonipha yonke into Ayisho.

72 Kwakukhona amadoda amaningi amakhulu ngalolosuku. Emabandleni amakhulu, abapristi abakhulu nezifundiswa ezinkulu, amadoda angcwele, okubonakala sengathi, ngokwazi,

babekwazi kakhulu, uma ukwazi kuyilokho uNkulunkulu akudingayo, ukwethula loMesiya omkhulu. Kodwa niqaphelile yini, ufika kumdobi, ethobile nje, indoda efana nomuntukazana, futhi wathi, "Sithanda ukuMbona"? Futhi noma yimuphi owesilisa noma owesifazane, umfana noma intombazane, oke wezwa noma yini ngoJesu, lokho yisifiso sezinhliziyo zabo: "Sithanda ukubona uJesu."

73 Manje, uma Esenguye, futhi Akafile kodwa Uvukile kwabafileyo, bekungenzeka yini-ke ukuthi singaMbona na? Uma kunjalo, bangaki phakathi lapha abebengathanda ukuMbona na? Phakamisa isandla sakho, uthi nje, "Ngingathanda ukubona uJesu." INkosi inibusise, ngokubona kwami, bekubukeka sengathi amaphesenti ayikhulu. Awu khona-ke, ngibuza lombuzo: Uma Emkhulu kangaka, kungani singeMbone na?

74 Esikhathini esithile esedlule eMfuleni i-Ohio lapho engihlala khona, kwakukhona umfana omncane owabuza umama wakhe ngoluny'usuku, "Mama, ngabe uNkulunkulu mkhulu kakhulu, umuntu angaMbona na?"

Wathi, "Buza uthisha wakho kaSonto sikole."

75 Futhi uthisha kaSonto sikole akakwazanga uku—ukuveza kumfanyana ukwaneliseka kwakhe, ngakho wathi, "Buza umelusi."

76 Ngakho waya kumelusi, owayeyinhloko yebandla, wayesethi, "Mnumzane, ngifuna ukukubuza umbuzo. Ngizizwile izintshumayelo zakho ezinhle kakhlu zikaNkulunkulu omkhulu, futhi ngikuzwile uMchaza ngangokuthi, waze wahlala esihlalweni sami njengomntwana, kwakubonakala sengathi Ufanele abe sesandleni sami ngqo. Melusi, ukhona obengabona uNkulunkulu na?"

Wathi, "Qhabo, ndodana, akekho obengake abone uNkulunkulu."

77 Nomfanyana wadumazeka, futhi wayekhuphukela emfuleni nomdobi omdala lapho ayedoba naye khona. Futhi ngoluny'usuku emva kwesiphepho, ehla ngomfudlana, umdobi omdala, nentshebe yakhe empunga, wayegwedla isikebhe sakhe, futhi lapho isiphepho sesiphelile, uthingo lwenkosazana luphumela emkhathizweni wasempumalanga, nomdobi omdala ebheka phezulu ngakulolothingo lwenkosazana, lapho umfana omncane ehlezi kwingemuva lesikebhe.

78 Umfo omncane wahehwa yizinyembezi zehla ezihlathini zakhe phezu kwentshebe yakhe empunga, ziqathakela ezingutsheni zakhe, futhi yena, kwakuxhuxhumisa kakhulu, waze wagxuma futhi wagijima wenyukela enkabeni yesikebhe wase eguqa phansi ezinyaweni zomdobi omdala. Wathi, "Ngizokubuza umbuzo okubonakala sengathi akekho

ongawuphendula." Wathi, "Umuntu angambona uNkulunkulu na?"

79 Nomdobi omdala, enqotshwe yintshisekelo yomntwana, wadonsela izigwedlo zakhe ethangeni lakhe, nezingalo zakhe zigaxe umfana omncane, futhi wathi, "UNkulunkulu akubusise, s'thandwa! Konke engikubonile eminyakeni engamashumi amane edlule bekunguNkulunkulu."

80 Kwakuyini na? Kwakukhona uNkulunkulu omningi kakhulu ngaphakathi, angaMbona ngaphandle. Indlela kuphela esiyoke sibone ngayo ngokuyikho uNkulunkulu ingokuba naYe ezinhliziyweni zethu kuqala; bekuhlala njalo kungaleyondlela. UNkulunkulu Uzifihlile emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi uzimisele kakhulu ukuZembula ezinganeni zona eziyofunda; zifunde ngaYe, zifunde indlela yaKhe.

81 Ngakho manje, bekuyobakhona indlela eyodwa kuphela ebesingawuphendula ngayo lombuzo ngokwenele. Uma ngibuzile phakathi lapha kulobubusuku amahlelo ehlukene, mhlampe, amaBaptisti, nePresbyterian, futhi mhlawumbe amanye amaKatolika, namaPentecostal, nePilgrim Holiness, kanjalonjalo, "Uyakholwa ukuthi umuntu ubengambona uNkulunkulu na?"

Ubuyothi, "Impela."

82 Awu, bengiyothi, "Besingazi kanjani ukuthi bekunguNkulunkulu noma qha na? Besingaqonda kanjani uma bekunguNkulunkulu na?" Manje-ke kunendlela eyodwa kuphela yokuphendula lowombuzo, lokho ngukuthatha amaHeberu 13:8, ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

83 Omunye ubeyothi, "NgiyaMbona kwirosari, njengoba ngikhuleka irosari."

Omunye ubeyothi, "NgiyaMbona ezivumwenikholo zethu zebandla lethu."

Abanye bebeyothi, "NgiyaMbona lapho sicula i*Hubo lokubonga*."

Omunye ubeyothi, "NgiyaMbona njengoba sicaphuna isiVumokholo sabaPhostoli, noma sisiphinde, njalo."

Abanye bebeyothi, "NgiyaMbona lapho ngibona abangcwele bethokoza."

Abanye bebeyothi, "NgiyaMuzwa emculweni."

84 Okungukuthi zonke lezozinto zikahle, futhi angimelene ngalutho nanoma yikuphi kwakho, futhi ngiyabonga ukuthi ningambona uNkulunkulu kokunjalo. Kodwa ake sikubeke eceleni lokho umzuzu nje futhi sithathe okushiwo ngumBhalo, Leyo yi-Urimi neThumimi futhi. Uma uKristu enguye izolo, namuhla, naphakade, Uzofanele afane emgomweni, Uzofanele

afane emandleni, Uzofanele afane esimweni sokuziphatha, Uzofanele afane ngandlela zonke Ayeyizo.

85 Abazange baMazi ngalolosuku ngokusho irosari, abazange baMazi ngalolosuku kulokho esikubiza ngeSivumokholo sabaPhostoli, akukho emiBhalweni, isiVumokholo sabaPhostoli, aku. . .babengaMazi e*Hubweni lokubonga*, kodwa baMazi njengoMuntu, uNkulunkulu ebonakaliswe enyameni, emisebenzini yaKhe yamandla, nencwadi yaKhe yesibopho ehambisana nomthetho, nokubonakaliswa kwaKhe, khona-ke siyodingeka sibuyele emuva futhi sibone ukuthi izibonakaliso zaKhe sasiyini.

86 Manje, ungalaleli nganoma iyiphi injongo yobugovu, impokophelo yakho mayibe ngelungile, injongo yakho mayibe ngelungile, nganoma yini engaphandle kwenjongo efanele nempokophelo efanele, uNkulunkulu angeke ayisebenzise. UJesu washo kanye, "Uma uthi kulesisihlahla," uma *uthi* kuyo, "kulentaba," njalo, "'Nqukuleka,' futhi ungangabazi, kodwa kholwa ukuthi okushilo kuyenziwa, ungaba nakho okushilo."

87 Yini eyayingagudluza intaba na? Lapha Watshela umuntu ofayo, "Yisho entabeni, futhi ukholwe ukuthi kuyenziwa." UbuNkulunkulu kuphela obunganyakazisa intaba, nguNkulunkulu kuphela ongakwenza. Manje-ke uma Atshela umuntu ukuthi ubenga. . .ukukwenza, Bekuzofanele kube nguNkulunkulu ekhuluma ngomuntu. Futhi indlela kuphela umuntu ayengazi ngayo ukuthi kwakunguNkulunkulu, bekuyoba yimpokophelo efanele, noma, nenjongo efanele.

88 Uma impokophelo yakho ilungile nenjongo yakho ilungile, khona-ke Akusesuwe okhulumayo, NguBaba ohlala kuwe. "Ningazindli ukuthi niyakuthini ngalelohora. Ngokuba akusuwe okhulumayo, nguBaba waMi ohlala kuwe, Uyakhuluma."

89 Ngakho niyabo, uNkulunkulu akakude kakhulu, Ukhona lapha; Yithina uqobo endleleni, ngukungakholwa kwethu, yizinkolelo-ze zethu, yilezozinto ephuphuthekisa amehlo, akusuye uNkulunkulu. Umuntu uyaphuma bese ethi, "Ngizokukhombisa ukuthi ngingayigudluza intaba: 'Ntaba nqukuleka.'" Akwenzeki, impela qha, injongo yakho ayilungile, nempokophelo yakho ayilungile. Ngakho-ke sifanele size kulendawo eyodwa: Ingabe injongo yethu nempokophelo yethu ilungile kuNkulunkulu na? Khona-ke Akusuwe okhulumayo, nhlobo.

90 Manje ake sithole ukuthi uJesu wayeyini. SiMthola masinya emva kombhaphathizo waKhe, Waholelwa ehlane lapho Axoxisana khona noNkulunkulu izinsuku ezingamashumi amane. Ephuma, ngaphambi kokuba inkonzo yaKhe ize ibe nethuba lokubonakaliswa, udeveli wathi, "Manje, uma ungumenzi omkhulu wezimangaliso, ake sikubone wenza

esisodwa lapha phambi kwami. Yenza okuthize lapha engingakubona ngamehlo ami uqobo, khona-ke ngizokukholwa. Phendula lamatshe abe yisinkwa."

91 Wayengakwenza lokho. Kodwa niyazi, udeveli usenalo uhlobo olufanayo lwezinjongo nezimpokophelo, "Ikhehla ezansi ekhoneni eliphuphuthekile, noma liyisithulu, lisesihlalweni esinamasondo, makuthi laba baphulukisi ngokukaNkulunkulu behlele lapho futhi baliphulukise, khona-ke ngizokholwa."

92 Lapho ubona noma uzwe izinto ezinjalo zishiwo, khumbulani nje ngudeveli ofanayo owamboza indwangu emehlweni eNkosi uJesu futhi waMshaya ekhanda ngenduku, wayesethi, "Wena oprofethayo, sitshele ukuthi ubani okushayile." Nguye ofanayo owathi, "Uma unguKristu, yehla esiphambanweni, dluthula izandla zakho nje. Phendula lamatshe abe yizinkwa. Okumangalisayo, yenza into engizoKubona uyenza." Abasoze bakubona kwenziwa, akukho lutho kubo abangabona ngakho, baphuphuthekile.

93 Manje, ake sibhekisise lokhu kubonakaliswa. Kwathi nje Angaqala inkonzo yaKhe yomphakathi. . . Futhi uma singalandela inkonzo yaKhe yomphakathi futhi sibone ukuthi Wenzeni izolo, Uzofana namhlanje. Nizokukholwa lokho, uma singathola Akwenzile izolo ukuZibonakalisa njengoMesiya na?

94 O, ngingakusho lokho futhi na? Ngokuba nakho kulenga umkhankaso, nakho kulenga inothi eligqamile, nakho kulenga into ezonyakazisa isizwe, nakho kulenga umbuzo ozobeka lonke ibandla e-Ohio emvuselelweni ezinsukwini ezimbalwa ezilandelayo, nakho kulenga into eyodwa neyenele konke: Ayeyikho, Uyikho.

95 Futhi uma Efana, khona-ke sifanele sithengise, sinikele yonke into kuYe, izinjongo zethu, izimpokophelo zethu, izintando zethu kuYe. Kodwa izwe alisoze lakwenza, Wathi babengeke, abantu babemiselwe kulokhu ukulahlwa. Kodwa uNkulunkulu ulungile, Ufanele akwenze, Ufanele akwenze ukuze ahlale enguNkulunkulu, yisithembiso saKhe, onguye izolo, namuhla, naphakade.

96 Ngenkathi inkonzo yaKhe yomphakathi iqala ukuqala. . . Ake sicaphune umBhalo manje kuJohane oNgcwele isahluko 1, siqale kuJohane oNgcwele 12, futhi nina enithatha amanothi ningahle nikufunde, futhi sizosebenzisa izinto ezimbalwa nje okwemizuzwana embalwa elandelayo, futhi siMbheke izolo futhi sibone ukuthi Usenguye yini namhlanje.

97 Kwathi nje Esesenkonzweni yaKhe yomphakathi, kwakukhona oyedwa, u-Andreya, owaphenduka futhi wahamba wathola umfowabo uSimoni, uJohane oNgcwele 1, futhi ngenkathi uSimoni enyukela eBukhoneni beNkosi uJesu, uJesu wayazi ukuthi wayengubani, futhi akusikho lokho kuphela, kodwa Wamtshela ukuthi igama likayise lalingubani. Manje,

bonani uma lokho kuqinisile, kuhloleni emiBhalweni, Wathi, "Igama lakho unguSimoni, kodwa Ngizokubiza ngoPetru; futhi uyindodana yoyedwa, uJonase." Lokho kwamethusa lomdobi omdala.

98 Manje, khumbulani wayengesiso isifundiswa, wayengumdobi iBhayibheli elathi wayengazi lutho futhi engafundile. IZenzo isahluko 3, uPetru noJohane, babona ukuthi babengazi lutho futhi bengafundile. Siyafundiswa ukuthi uPetru akakwazanga ngisho nokusayina igama lakhe uqobo, futhi nokho, ngokuzithoba kwakhe, wanikwa izihluthulelo zoMbuso. NoJesu wametha igama ngenkathi engena eBukhoneni baKhe, wamtshela ukuthi igama lakhe lokuqala lalingubani, "UnguSimoni; noyihlo nguJonase." Lowo kwakunguJesu izolo, Ezazisa eBandleni laKhe, Uzofanele afane namhlanje uma Ehlala efana.

99 Manje, khona-ke kwakukhona oyedwa ogama linguFiliphu okukhulunywe ngaye nje kulobubusuku, phezu kokuphenduka kwakhe, owayengaphandle komuzi ofanayo uPetru ayekuwo, wayenomngane olungileyo owayengowehlelo elaziwa kahle, kodwa wayengumuntu olungileyo, wayeyindoda elungile.

100 Futhi uma noma yimuphi wenu lapha wake waba semazweni angcwele, maka indawo lapho uJesu ayesekushumayeleni khona, nalapho uNathanayeli ayephansi komuthi, cishe amamayela angamashumi amathathu. Futhi wahamba amamayela angamashumi amathathu ukuthola umngane ukumngenisa eBukhoneni bukaJesu. Angazi noma besingahamba yini amanyathelo angamashumi amathathu namhlanje. Kodwa wakholiswa ukuthi uJesu wayenguKristu futhi wayefuna umngane wakhe akwazi.

101 Futhi wazungeza intaba, futhi wafumana uNathanayeli ngaphansi kwesihlahla. Futhi manje, qaphelani ingxoxo yabo: Wathi, "Woza, ubone uMuntu, woza, ubone loMfo, siMtholile, UnguJesu waseNazaretha, Uyindodana kaJosefa."

102 Futhi bhekisisani lelikholwa loMthetho, lelilunga lebandla elihle: Ngenkathi esukuma futhi wathuntutha uthuli kuye, wathi, "Manje, kungaba khona okuhle okuvela eNazaretha na? Noma kungaba khona noma yini ephuma eqenjini labantu abanjalo, lokho obekungaba kuhle na?"

103 O, anisiboni yini isimo sokuziphatha sezwe asikaguquki na? Lowo owayefisa umbulali esikhundleni sikaJesu, ezinhliziyweni zabo bayafana kulobubusuku. Izwe lasho okwakuyikho, lazizwakalisa ngenkathi bemukela umbulali esikhundleni seNkosi ethandekayo, ngenxa nje yamasiko ezenkolo.

104 Futhi ngenkathi lendoda eyayibambe isiko lamalunga kahle kakhulu, wathi, "Kungaba khona okuhle okuvela eNazaretha na?"

105 Ngicabanga ukuthi uFiliphu umnika impendulo ezedlula zonke noma yimuphi umuntu abengayinikeza, wathi, “Woza ubone.” Ungahlali ekhaya futhi ugxeke, woza, uzitholele wena. Futhi endleleni ezungezayo, akungabazeki ngaphandle kwalokho amyala ngakho, “Ngani,” wathi, “Ngibonile . . . Uyamkhumbula umdobi omdala emfuleni, umfo omdala uSimoni na?”

“Yebo, ngiyamkhumbula.”

“Ngani, ngenkathi enyukela eBukhoneni baloMesiya, Wamtshela ukuthi wayengubani, nokuthi uyise wayengubani. O, ngingakusho lokho, noma, ngizwe lokho . . . ”

UNathanayeli wathi, “Manje, umzuzwana nje. Manje, Filiphu, akungabazeki kodwa uchezukele ekugcineni okujulile. U—uvele nje, ukuthola konke kuxovekile.” Awu, sengiyamuzwa ethi, “Awazi yini ukuthi imiBhalo umemezele ukuthi uMesiya akasiye omunye kodwa uJehova na?” Futhi uJehova uyayazi inhliziyo.

106 Futhi wathi nje angangena eBukhoneni baloMuntu, manje, uJesu wayengumuntu ojwayelekile nje, futhi ngenkathi engena eBukhoneni baKhe, uJesu waphenduka, okokuqala ukuba Aze ambone, wayesethi, “Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!”

107 Kwayimangaza kakhulu leyondoda, yaze yathi, “Rabi, Ungaze nini na?” Wonke umuntu wayegqoka ngokufanayo, ngahle ukuba wayengumGreki, wayengaba umArabu. Wathi, “Ungaze nini na?”

108 Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.” Bangaki owaziyo ukuthi lowo ngumBhalo na? Phakamisani izandla zenu. Bukani abafundi beBhayibheli. “Ngakubona.” Wayengambona kanjani amamayela angamashumi amathathu ukuzungeza intaba na? “Ngakubona.”

109 Khumbulani, uNathanayeli, ngenkathi ephendula, waphendula kuwo wonke umJuda okholwayo owayekhona. Wathini uNathanayeli na? Wathi, “Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu; UyiNkosi ka-Israyeli.”

110 Uma lowo bekunguJesu izolo, Uzofanele afane namhlanje ukuba ahlale efana. Futhi Wathi, “Ngoba Ngikutshele lokhu, uyakholwa na?” Wathi, “Uzobona izinto ezinkulu kunalokhu.”

111 Manje, lenzani elikhulu, iJuda loMthetho elinesitashi ngenkathi libone kwenziwa na? Lathi, “Lomuntu ukhwelwe ngudeveli, unguBelzabule.” Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso na? “UnguBelzabule, umbhuli.” Futhi noma ubani uyazi ukuthi ukubhula kungokukadeveli. “Ufunda izingqondo zabo.”

112 Futhi wathini uJesu ephendula na? “Nisho lokho ngokumelana naMi, iNdodana yomuntu, Ngizonithethelela,

kodwa nxa uMoya oNgcwele esefikile, futhi enze into efanayo, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo.” Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na? Isahluko esifanayo. Ningathethelelwa neze, izwi elilodwa elimelene naWo. Hlobo luni losuku esiphila kulo khona-ke na?

113 Asinaso isikhathi sokuya kubo bonke abalingiswa ebengizobabalula. Kodwa omunye futhi, futhi lowo kwakungukuthi kukhona. . .Siyazi kunezinhlanga ezintathu kuphela zabantu, lowo ngabantu bakaHamu, uShemu, noJafete: iJuda, oweZizwe, nomSamariya. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso na? Bhekisisani uPetru nezihluthulelo kumaJuda, iPhentekoste; kumaSamariya ezansi eSamariya; UPetru endlini kaKorneliyu, abeZizwe, iZenzo 10:49, kusukela ngaleyonkathi kwakuphezu kwezwe.

114 Izinhlanga ezintathu zabantu, manje bhekisisani, kumJuda Wazazisa Yena uqobo ngaleyondlela, ngokumtshela ukuthi wayekuphi, ukuthi wayenzeni, ukuthi igama labo lalingubani, futhi Wazibonakalisa Yena uqobo, futhi baMkholwa ukuthi unguMesiya.

115 Ngenkathi Enyukela eSamariya, owesifazane uyaphuma wayesehlala phansi emthonjeni efuna amanzi, futhi wabona leliJuda elincane, lalibukeka lithi alibe namashumi amahlanu, iBhayibheli lathi, ngenkathi Enamashumi amathathu, ehlezi ngale encike endaweni encane ebonakala yonke ngasikhathi sinye yomthombo. Futhi qaphelani ingxoxo, Wathi, “Sifazane, Ngiphuzise.”

116 Wathi, “Umthombo ujulile, Awunalutho lokukha. Futhi ngaphandle kwalokho, akusilo isiko kini maJuda ukukhuluma namaSamariya, sinomthetho wokwehlukana.”

117 O, ngiyaMthanda! Lalelani ukuthi Wathini: “Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi.” Wamazisa ukuthi kwakungekho mehluko ezinhlangeni zabantu, ibala labo. Futhi Wathi, “Ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye.” Nengxoxo yaqala. Wayenzani na? Exhumana nomoya wakhe. Wathi nje Angathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, Wathi, “Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha.”

Wayesethi, “Anginandoda.”

UJesu wathi, “Kunjalo. Ubunayisihlanu, nale onayo manje ayisiyo eyakho. Usho iqiniso.”

118 Wathini na? “UnguBelzabule”? Wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi wena.” Bhekisisani, “Thina,” (Ubani na? AmaSamariya.) “siyazi lapho uMesiya efika, Uzositshela lezizinto. Kodwa UnguBani na?

Wathi, “NginguYe okhuluma kuwe.”

119 Futhi wagijimela emzini, wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini Lona impela uMesiya na?" Uma leyo kwakuyindlela uMesiya Azazisa ngayo ezinsukwini ezedlulayo, kuzofanele kufane namhlanje.

120 Manje, kinina befundisi, nakini bafundi beBhayibheli, akakaze nakanye Ake enze lesosibonakaliso phambi kwabeZizwe, hlolani imiBhalo, akukaze nakanye; kodwa Wenqabela ngisho abafundi baKhe ukuba baye kubo. Kodwa yileyondlela Azibonakalisa ngayo Yena uqobo njengoMesiya kubo bobabili umJuda nomSamariya.

121 Bangaki ovumayo ukusho ukuthi lelo yiqiniso, ukuthi niyazi ukuthi niyazi imiBhalo kahle ngokwenele ukwazi lokho ukuthi kuyiqiniso na? Makwazeke nesandla sakho siphakeme. UmBhalo usho njalo. Hlolani imiBhalo futhi nibone ukuthi ikhona yini enye indlela Azazisa ngayo Yena uqobo.

122 "O, amasiko ethu!"

Kodwa umBhalo uyakusho.

123 Bhekisisani, ekhuluma kumJuda, wakhuluma ngolunye usuku; futhi hhayi kusukela kulesosikhathi kuze kube yilesi, kwaziwe. Kodwa bangaki okholwayo ukuthi lokhu ngukuphela konyaka wabeZizwe na? Impela siyakholwa. Manje-ke uma Azazisa Yena uqobo kubo emuva lapho ngaleyondlela, Uzofanele akwenze kwaziwe namhlanje kwabeZizwe, kungenjalo Wehlukile kunoma Wayenjalo ngaleyonkathi.

124 Futhi uNkulunkulu uzofanele enze ngokufanayo ngaso sonke isikhathi. Lapho isimo sivuka, futhi uma uNkulunkulu ebizelwa enkundleni, isenzo Asithathayo ngaleyonkathi, Uzofanele asithathe ngaso sonke isikhathi lapho isimo esifanayo sivuka, noma Wenza okungalungile ngenkathi Ekwenza okokuqala. Niyabo, siya ngokuhlakanipha ngokwedlulele, uNkulunkulu akahlakaniphi ngokwedlulele, Uphelele kwasekuqaleni, Ungongenasiphelo kwasekuqaleni nje, Akasenalwazi manje, kunoma Wayenalo ngaleyonkathi, ngoba Uwulwazi oluphelele.

125 Futhi indlela Enza ngayo ngaleyonkathi, Uzofanele enze ngokufanayo namhlanje, ngakho-ke iBhayibheli liyasho ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Uma uKristu Ezibonakalise ngenye indlela namhlanje kinina beZizwe kunalokho Akwenza emuva lapho, Wenza okungalungile, ngenkathi Ezazisa Yena uqobo emuva lapho.

126 Kukhona umBhalo . . . Ngisho nabafundi, ngenkathi Elungiselela ukuhamba kuJohane oNgcwele 17, abafundi bathi, "Siyazi manje ukuthi Wena wazi izinto zonke, futhi kawudingi ukuba umuntu aKufundise." Wayesanda kwenza lezozinto futhi wabakhombisa. "Ngalokhu, siyakholwa ukuthi Uvela kuNkulunkulu."

UJesu wathi, "Niyakholwa manje na?"

127 Manje, Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngolunye usuku kwakukhona owesifazane owathinta ingubo yaKhe, futhi yena. . .Lowo nguJohane oNgcwele futhi. Futhi ngakho, ngenkathi ethinta ingubo yaKhe, wathi phakathi kwakhe, "Uma ngingaMthinta, angikhathali ukuthi orabi bathini nokuthi abantu bathini, ngikholwa ukuthi UngoNgcwele, futhi uma ngingaMthinta, ngikholwa ukuthi ngizosinda." Wayekade eneminyaka enomopho, futhi wayengenakusizwa yinoma yimuphi udokotela. Wathinta ingubo yaKhe, wayesephuma, wayesehlala phansi, noma wasukuma, kumbe noma yikuphi lapho ayekhona esixukwini.

128 UJesu waphenduka, wathi, "Ubani oNgithintile na?" Wayengazi, Wayengesuye umzenzisi, Wayengazi kungenjalo Wayengeke abuze umbuzo.

NoPetru waMkhuza, wathi, "Bonke uyaKuthinta."

129 Wathi, "Kodwa Ngiyabona ukuthi Ngibe buthakathaka." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . .wathi, "aphumile kiMi." *Amandla* ngamandla okuqina, amandla ayeMshiyile. Wathi, "Ngibe buthakathaka." Futhi Waqalaza waze Wathola owesifazane, futhi Wamtshela isimo sakhe, wayesethi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile."

130 LowoJesu ofanayo uyaphila namhlanje. NeBhayibheli lithi eTestamenteni eLisha, iNcwadi yamaHeberu, ukuthi manje UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Niyakukholwa nonke lokho na? Kukanjani-ke na? Mthinte, hhayi ukuthi uthinte umelusi, hhayi ukuthi uthinte umvangeli, kodwa uthinte uKristu.

131 Futhi Uzofanele enze ngokufanayo njengoba Enza ngaleyonkathi, uma Engakwenzi, khona-ke sikhonza omunye uKristu ofanayo kuLowo owayekhona, kodwa iBhayibheli lathi UnguJesu ofanayo, amandla afanayo. Ngakho akusiwo amandla ezandla zomunye umuntu, ngamandla okukholwa kwakho uqobo kuKristu ovukileyo.

132 Bazalwane bami, anginalutho olungalungile ngokubeka izandla, ukugcoba abagulayo, noma yini ofuna ukuyenza. Kodwa into yangempela ingukuthi, ngukuMkholwa ukuthi Uvukile kwabafileyo, futhi Ukhona ukuZibonakalisa nawo onke amandla Ake awenza. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Uma uNkulunkulu ezokwenza lokho futhi Azibonakalise ngendlela efanayo Enza ngayo ngaleyonkathi, bangaki abazoMkholwa na? Thanini, "Amen." [Amabandla lithi, "Amen."—Umhl.]

133 UmBhalo khona-ke usho lokhu, uJesu emuka, Wathi, "Kuseyisikhashana nezwe," (*Izwe*, i*kosmos*, okusho ukuthi, "uhlelo lwezwe.") "lingabe lisaNgibona, ongakholwayo angeke esaNgibona, nokho niyoNgibona nina," (*Nina*, ubani u*nina* na? IBandla.) "ngokuba Ngi," (U*Ngi*, yisabizwana somuntu.)

"Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade.

134 Ibandla leNkosi uJesu, lihlakazekele emahlelweni, lihlakazekele ezivumwenikholo, ihlelo lenkolo, uNkulunkulu aze angakwazi ukuhamba ebandleni laKhe. Ihlelo lakho alikwenzi umKristu. Akukho okumelene nehlelo lakho, akukho okumelene nesivumokholo sakho, kodwa ukwazi uKristu kungukwazi uMuntu kaKristu.

135 IBhayibheli lathi, uJesu wathi, "Mina ngingumVini, nina ningamagatsha." Umvini awutheli isithelo, igatsha lithela isithelo, negatsha lizothela isithelo somvini oxhunywe kulo. Futhi ngicela noma yisiphi isifundiswa semiBhalo ukuba singikhombise lapho uKristu ake ahlela khona ibandla, noma wenza inhlangano, lapho Ake athi isigejane esithize sezivumokholo siyokwenza. Wathi, "Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewuqonde ngisho uMbuso kaNkulunkulu."

136 Uma kungumvini wethanga, uyothela amathanga; uma kungumvini wekhabe, uyothela amakhabe; uma kungumvini wamagilebhisi, uyothela amagilebhisi; uma singamagatsha eBandla laKhe, siyothela izithelo zeNkosi uJesu. "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza," uhlobo olufanayo, hhayi olwehlukile, "imisebenzi efanayo eNgiyenzayo."

137 Nkulunkulu sisize, sithethelele ngokungakholwa kwethu sisakhuleka.

138 Baba waseZulwini, olandelayo ungowaKho. Singabesilisa nabesifazane nje abaKuthandayo, futhi, o, lesi yisikhathi esibucayi, umuntu angasho noma yini, kodwa uma Ungekho lapho ukukwesekela, khona-ke izwi lomuntu linephutha, kodwa Wena unikeze isithembiso, futhi isithembiso saKho siyiqiniso.

139 O Nkulunkulu, kwangathi iBandla laKho kuyo yonke lendlu Lingazinikela kuWe khona manje. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele omkhulu okuMuntu weNkosi uJesu, iNdodana kaNkulunkulu engene emzimbeni, ingena ebuntwini bethu futhi isinyakazise. Futhi kwangathi ongakholwayo angabheka futhi abone uMoya kaNkulunkulu uhamba eBandleni laKhe leqiniso, futhi athi, "Qiniso, uJesu nguyena izolo, namuhla, naphakade."

140 Siphe khona-ke ukuthi izinhliziyo zethu, njengasemkhulekweni wethu wasekuqaleni, zizoba njengoba siya ekhaya, sithi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho EZibonakalisa na?" Wenze into ethize, Ayenza kuKleyophase nomngani wakhe ebukhoneni babo, njengoba nje Enza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, ngakho-ke babazi ukuthi akekho omunye umuntu owayengakwenza, futhi bazi ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu evukileyo. Siphe okufanayo kulobubusuku, Nkosi. Kwangathi inhliziyo yabantwana baKho ingathamba futhi ivuleke. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

141 Cishe nje sekuleyithi ngemizuzu eyisikhombisa, mhlawumbe sizosheshisa. Sizobiza umugqa womkhuleko. Ngikholwa ukuthi uBilly ungitshele ukuthi ukhiphe o-T noma o-W. Bekuyikuphi na? U-T, ikhadi lomkhuleko o-T. Manje, asiqale kulobubusuku, futhi nje sisukumise abantu abambalwa lapha futhi sibakhulekele. Manje ngifuna umuntu ngamunye ubuke ikhadi lakho futhi nje. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

142 Kulungile. Ngiqonde. . . Kulungile. Bangaki phakathi lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi ufuna uJesu akuphulukise na? Phakamisani izandla zenu, ongenalo ikhadi lomkhuleko. Manje, awudingi ukuba ube lapha kulomugqa womkhuleko.

143 Manje, uma nginitshele iqiniso, uJesu Kristu uzosebenza eBandleni laKhe, wena nami, ngokufanayo nje njengoba Enza ngenkathi Elapha emhlabeni emzimbeni wenyama. Bangaki owaziyo ukuthi umzimba waKhe wenyama uhlezi esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, noMoya waKhe wabuyela emhlabeni ukuba uphile eBandleni ukuLinika amandla njengoMvini emagatsheni na? Impela. Khona-ke Akanazandla kodwa ezami nezakho, Akanamehlo kodwa awami nawakho.

144 Futhi bangaki abaziyo ukuthi iziphiwo zokukhonzisa eBandleni kuqala, abaphostoli, bese kuba abaprofethi, abafundisi, abelusi, abavangeli. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na? Manje, igama elithi *umphostoli* lisho ukuthi, "isithunywa senkolo." Esisodwa, isithunywa senkolo, kungani izithunywa zenkolo zike zifune ukubizwa nge*sithunywa senkolo* esikhundleni so*mphostoli*, angazi. Kodwa igama elifanayo elithi *umphostoli* lisho ukuthi, "othunyiwe," *isithunywa senkolo* lisho ukuthi, "othunyiwe." Babezokwenza ubuthunywa benkolo ezweni.

145 Abaphostoli, abaprofethi, abavangeli, abelusi, abafundisi, iziphiwo ezinhlanu zokomoya okumiselwe ngaphambili ukuthi, ngokwazi ngaphambili, uNkulunkulu umisile eBandleni. Kunjalo impela. "Iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka." Zonke lezoziphiwo ziseBandleni. Angisuye umshumayeli, angisuye kakhulu, ngiyithayi eliyisipele nje, cishe; uMfowethu Vayle ungumshumayeli.

146 Yisiphiwo enginaso uNkulunkulu angipha sona kusukela ngisengumfanyana ngenkathi ngiqala ukuzalwa; asinazo izincwadi, bazonitshela ngakho. Siphelelwe nje manje, cishe ushicilelo lwesine noma lwesihlanu lwazo luphumile: *Umlando Ngempilo Yami*. Konke okwakho kungahlolwa nganoma yiluphi udatshana, noma yini ngombutho wamaphoyisa, noma yini ofisa ukukuhlola ngakho, amarekhodi okuzalwa, noma yini ofuna ukuyazi, noma yisiphi isimangaliso, noma yini, konke kuneqiniso futhi kubhaliwe, izitatimende zodokotela nakho konke. Niyabo?

147 Manje, manje kulemizuzwana embalwa elandelayo, konke engikushilo kulobubusuku kuphakathi kokuthi kuzofunyanwa kungamanga noma iqiniso. Kunjalo impela. Uma noma yimuphi umuntu efisa ukuthatha indawo yami, wemukeleke ngokuphelele ukuba uze lapha futhi wenze njalo.

148 Manje, nampa abantu emgqeni womkhuleko engingabazi. Uma ngibuke ngapha ngase ngithi, "Nangu umuntu mumbe lapha osesihlalweni esinamasondo, nangu umuntu mumbe osohlakeni lombhede, bakhubazekile. Nanso insizwa ihlezi lapho esihlalweni esinamasondo phandle ekupheleni komugqa, leyondoda ikhubazekile." Impela. Bengiyothi, ngiqalaze phezu kwezethameli, futhi ngiyothi, "Nansi indoda ihlezi lapha, ifake izibuko, kukhona okungalungile emehlweni ayo." Impela.

149 Yini engalungile ngalo wesifazane na? Ubukeka ekahle, futhi eqinile, futhi ephilile, kodwa kukhona okungalungile, ndawondawo. Manje, nonke nina phandle lapho ongenalo ikhadi lomkhuleko, zithobe nje, futhi ubuke, uthi, "Nkosi, ngikukholwa ngeqiniso." Futhi ubone ukuthi uKristu akafani yini, uma ukukholwa kwakho kungaMthinti, phendukelani ngqo ezethamelini kuwo wonke umuntu engi . . . lapha futhi nithole ukuthi lokho akusilo yini iqiniso. Phosela uNkulunkulu inselelo.

150 Ngi . . . Ngaphambi nje kokuba ngiqale lomhlangano ngifuna ukusho okuthize. Ngibuka ngapha ngakwesokunxele sami, ngibona omunye engimaziyo. Emhlanganweni waseHammond, ohlulwa wuphuzo esigabeni esibi kakhulu, lapho odokotela ababedlula bonke baseChicago . . . Bangaki owaziyo ukuthi alikho ikhambi lohlulwa wuphuzo emazingeni ezokwelapha na? Impela alikho. Intombazane yayingolusizi ondwazayo, ngokuphelele, ohlulwa uphuzo ngokuphelele isesimweni esibi kakhulu, yazama uku . . . futhi ngaphakathi kwebhantshi layo kwakuyiphayinti likagologo ukuphila ngalo nsuku zonke. Yayisemhlanganweni nakuvulandi osesitezi, ngiyakholwa, noma ngabe kwakunjani, kwase kuthi-ke uphathini odansa noFred Astaire wayelapho, umlutha wezidakamizwa.

151 Nalelinenekazi elincane, uRosella Griffith ovela eJoliet, e-Illinois (Ngikholwa ukuthi nguye lowo. Ngabe nguwe lowo, Rosella na? Anginasiqiniseko.), olusizi, ohlala emgwaqeni, ohlulwa uphuzo nje kabi kabi njenganoma yimuphi ohlala emgwaqeni abengakuveza, noMoya oNgcwele wehla futhi wamtshela ukuthi wayengubani, nokuthi wayenzeni, futhi wamemezela ukuthi wayephulukisiwe. Futhi manje uyisithunywa senkolo kwabahlala emgwaqeni. Rosella, ungasukuma, dadewethu na? Othandekayo, osemncane, owesifazane omuhle uNkulunkulu ambiza ekubeni ohlulwa wuphuzo, sizomthola ukuba afakaze kamuva emihlanganweni.

152 Futhi uphathini odansa noFred Astaire, akatadishi- . . . ukuba nemishini manje, uRosella na? Isithunywa senkolo

ensimini, futhi. Ngenkathi bekucasukela, ngikholwa ukuthi uyise wakwenza ekuqaleni, kodwa wathi, "O, qhabo, Babayi, uqinisile." UMoya oNgcwele awulenzi neze iphutha, Uphelele uma EnguMoya oNgcwele.

153 Manje, asihloniphe ngokuzithoba. Futhi manje, ngifuna wonke umuntu, uma nithanda, okwemizuzu eyishumi nanhlanu elandelayo, gcina isihlalo sakho nje, hlonipha ngokuzithoba, khuleka, bheka ngapha, hlonipha ngokuzithoba ngempela futhi ukhuleke.

154 Futhi uma uJesu ezozibonakalisa Yena uqobo kulelibandla, leliqembu labantu njengoba nje Enza, njengoba ngishumayele ngakho kulobubusuku, bangaki abazomuka, futhi bathi, "Ngomusa kaNkulunkulu, ngizokukholwa zonke izinsuku zami"? Phakamiselani izandla zenu kuYe, nithi, "Ngizokholwa." Manje, hloniphani ngokuzithoba nje ngakho konke eningakwenza. Okulandelayo manje kukuNkulunkulu. Uma ngikhulume iqiniso, Ubophezelekile eZwini laKhe.

155 Ngiyethemba manje, nenekazi, ukuthi siyizihambi komunye nomunye. Siyizo na? Kulungile. Khona-ke uNkulunkulu uyakwazi futhi Uyangazi. Uma kukhona noma yini e. . . Uma u—uma uyi—yikholwa noma ongakholwayo, Uzokwazi. Uma ungumgxeki, bhekisisa ukuthi kwenzekani; uma ungumKristu, bhekisisa ukuthi kwenzekani. Khona-ke uma Ekwenza . . .

156 Manje, uma ngikutshelile, ngithi, "Nenekazi, uyagula, ngizobeka izandla zami phezu kwakho, uzosinda." Awu, lokho kulungile, kodwa bengingakuqagela lokho. Kodwa uma Ezobuyela emuva futhi akutshele into ethize njengoba Enza ngenkathi Enze abafundi nabantu ngalolosuku, uzokwazi ukuthi lokho kuyiqiniso noma qha. Uma Ezolazi iphutha lakho, njengoba nje Enza kowesifazane emthonjeni, uma Ezokwazi ukuthi uyini, ukuthi uzele ini lapha, njengoba nje Enza kowesifazane emthonjeni, uzoMkholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

157 Manje, nansi inkundla yeBhayibheli, ngokuphelele. Nangu owesifazane engingakaze ngimbone empilweni yami, futhi—futhi angikaze ngikhulume naye, njengoba bengazi ngakho. Angahle ukuba uke waba semihlanganweni ndawo ndawo. Uke waba komunye wemihlangano ngaphambili na? Uke waba semihlanganweni, kodwa angikwazi. Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho ukuze abantu bezobona.

158 Manje, iZwi elilodwa elivela kuYe lizosho okungaphezu kwalokho ebengingakusho ezikhathini zempilo eziyisigidi. Manje, uma ngingakaze ngikubone, nalesisithombe esihle kulobubusuku seNkosi uJesu ekuvukeni kwaKhe, owesilisa nowesifazane bebonana okokuqala empilweni . . . Uma Alazi iphutha lalowo wesifazane ukuthi wayehlala nendoda ayengafanele ashade nayo, khona-ke uma Enguye izolo,

namuhla, naphakade, uma Eyongitshela ukuthi ikuphi inkathazo yakho, ubuzofanele wazi ukuthi kuvela emandleni athile angaphezu kwemvelo, kanjalo nalelibandla beliyokwenza.

159 Kodwa manje, bangahle bakufake esigabeni njengoba benza ngalolosuku, futhi bona, abangakholwayo babantu . . . "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi," kwasho uJesu. Kodwa lokho . . . Ukwenzile, noma kanjani. Ngakho-ke ekwaHlulelweni kuyokwaziwa.

160 Manje, uma izethameli zingezwa iphimbo lami, owesifazane ubonakala esuka kimi. Nenenekazi lilapha ukuba ngilikhulekele ngesimo somzimba womzimba walo. Kunjalo. LingumKristu, liyikholwa. Futhi unesimo sokwethuka ofuna ngikukhulekele sona. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

161 Uyakholwa manje na? Manje, bhekisisa, ngenkathi ukhuluma kakhulu nowesifazane . . .

162 Manje, wena uthi, "UMfowethu Branham ubengakuqagela lokho."

163 Umzuzwana nje, ngoba kukhona okunye okuthize kowesifazane. UMoya oNgcwele usuhambile. Manje, uma Enza into ehlukile . . . Akusikho ukuqagela, kuhlole, kuphelele. Manje, angazi ukuthi ngimtsheleni owesifazane, indlela kuphela engazi ngayo ingabafana bami lapha bethola iteyipu.

164 Manje, owesifazane uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo. Bangaki osewake wasibona isithombe seNgelosi yeNkosi lapha esinaso na? Ake sibone izandla zenu ziphakeme. Impela. Thina, ngicabanga ukuthi banazo ezinye zazo lapha; kukhona lapha eWashington, DC.

165 Yebo, ngibona owesifazane ephuthaza ngento ethize, yindishi noma okuthize, unokwethuka ngempela, yilokho ayikho. Kade ekhuleka futhi, futhi ukhulekela omunye umuntu, futhi lowo ngumuntu okabi kakhulu, onokuvuvukala, ngumuntu omdala, ngumama wakhe, futhi unokuvuvukala kwenhliziyo. Lokho kunjalo. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uyakholwa, nenekazi na? Niyakholwa, zethameli na? Kulungile, iduku ogeza ngezinyembezi ngalo, lithathe, uNkulunkulu uzokupha izinto ozicelile. Amen.

166 Siyizihambi komunye nomunye, mnumzane. Lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuhlangana, ngabe yikho, siqu na? [Umfowethu uthi, "Ngike ngaba sezinkonzweni zakho, mnumzane."—Umhl.] U—uke waba sezinkonzweni zami. Bekukuphi lokho, mnumzane na? ["E-Indiana."] E-Indiana. Kodwa angikwazi. Qhabo. Okokuqala ukuba size sibe kanje ndawonye.

167 Kulungile, uJesu omunye umuntu wahamba futhi wamthola ngegama, ngiqonde ukuthi, uFiliphu wahamba wathola uNathanayeli. Umuntu wokugcina ubelapha, ngiyakholwa, bekungowesifazane, njengomBhalo engishumayele ngawo

kulobubusuku, owesifazane emthonjeni. Futhi nanku omunye umBhalo engiwusebenzisayo, ukuthi omunye wahamba futhi wathola omunye futhi wabaletha, futhi Wabatshela ukuthi babekuphi, nezimo zabo, bakholwa.

168 Uma thina siyizihambi, wena nami, uma iNkosi uJesu izokwenza okufanayo, ungakukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyazi kuyofika ngamandla athize. Inkathazo yakho isemphinjeni wakho, unenkathazo yokucinana kwemigudu yomoya, ikubangela ukuba ukhwehlele futhi uphatheke kabi, izikhathi zasebusuku, kunjalo, uvuka emiqamelweni, ulele. Futhi enye into unesifo esithelelanayo sesikhumba, nodokotela akukho abangakwenza ngaso, futhi lesosifo esithelelanayo sesikhumba yizinyawo zomsubathi. Lokho kunjalo.

169 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi, mnumzane na? Awusuye owakulelidolobha, uvela enyakatho uza ngapha, uvela endaweni ethiwa iHamilton, e-Ohio. Igama lakho nguGeorge Burns, Barns, nguye, uGeorge Barns. Buyela ekhaya, iNkosi uJesu ikuphulukisile, iyakusindisa. Amen. Ukukholwa kwakho kukwenzile. Amen. UNkulunkulu akubusise, mnumzane.

170 Yiba nokukholwa, ungangabazi. Emhlanganweni hlonipha ngokuzithoba manje, ungahambahambi, hlonipha ngokuzithoba ngempela. Qhubeka nje ukholwa.

171 Sawubona? Uyayikholwa iNkosi uJesu, nenekazi, ilapha na? Uma bengingakwenzela okuthize, cishe uneminyaka ecishe ibe ngekamama wami, futhi uma bengingakwenzela okuthile, futhi ngingakwenzi, bengi—bengiyoba ngumuntu omubi kabi. Kodwa angikwazi ukwenza lutho, ngikuchazile, ukuthi kuyinto engifuna nikholwe kuyo, into eyenzelwe nina. Khulekani nje, manje, qhubekani nje, ningangabazi, qhubekani nje nikhuleka.

172 Uma iNkosi uNkulunkulu izongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaYo, futhi I—IKhona na? Uyakh- . . . Kulungile. INkosi ibe yinhle kuwe. Usesimweni esibucayi. Odokotela usekudelile ngakho, kudala. Unesifo esithelelanayo, ngaphandle kwalokho ngiyakubona uzama ukufuqela phansi ekhanda lakho, noma okuthize, unobuzizizi ekhanda lakho.

173 Awusuye owakulelidolobha, uvela kwelinye izwe lapho kuyi, noma, idolobha eliyidolobha elikhulukazi. Futhi une, uhlobo oluthile lwendawo yokuhlalisa izifika namthwalo e . . . yiDetroit, eMichigan. Futhi ngiyakubona uhlezi ocingweni lokufona, futhi ukhuluma nomunye, lowo yimi. Ungishayele ucingo, futhi ngakukhulekela ngocingo. Kunjalo impela. Manje, uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungabuyela ekhaya lakho manje futhi uphile. Uyakukholwa na? UNkulunkulu akubusise-ke. Hamba ngendlela yakho, eGameni leNkosi uJesu, futhi uphiliswe.

174 Siyizihambi komunye nomunye.

175 Inenekazi elihlezi lapha ekugcineni kwesihlalo, khona lapha, eliqatha, yebo, unesidingo, nawe. Uyakhuleka. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzowuphendula umkhuleko na? Uma iNkosi uJesu izongembulela lokho ofuna Akuphilise ngakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Kulungile, khonake lesosimo sokwethuka, leyonkathazo yekhanda obunayo, kunjalo, vayizelisa isandla sakho *kanjalo* uma lokho kunjalo, sekusukile kuwe manje. Ungaya ekhaya futhi uphile.

176 Uthinte Into ethize. Ngabe siyizihambi komunye nomunye, nenekazi na? Wena nami siyizihambi na? Siyizihambi komunye nomunye, angikwazi, uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Yiba nokukholwa nje manje. Ungangabazi.

Ungahle ucabange ukuthi . . .

177 Kuthiwani ngenenekazi eliseceleni kwakho lapho na? Lapho . . . Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, nenekazi na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi lokho okudingayo, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Kulungile. Uma uzokukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaba nakho. Nalowomfutho wegazi ophansi obunawo, usuhambile kuwe manje, ungaya ekhaya, usinde.

Kholwa nje, ungangabazi.

178 Ungangenzela umusa na? Lesosandla osixhawulayo, sibeke phezu kwenenekazi eliseduze kwakho. Inenekazi linenkathazo yenhliziyo, ukubhakuza enhliziyweni yalo, ikakhulukazi emva kokuba usudlile futhi ulale phansi. Kunjalo. Akusiyo impela inkathazo yenhliziyo, yigesi esiswini sakho ngesimo sokugayeka kokudla; usube nakho lokho isikhathi eside. Kunjalo. Vayizelisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Manje sekuhambile kuwe, ungaya ekhaya futhi uphile.

179 Ngiphosela inselelo ukukholwa kwenu eGameni likaJesu! Bathinteni nje na? Hhayi mina, bathinte umPristi oMkhulu, uKristu.

180 Siyizihambi komunye nomunye, ngiyakholwa. Uma lokho kunjalo ungasiphakamisa isandla sakho na? Uma iNkosi uNkulunkulu izongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzokwemukela na? Ngibona owesifazane ehhovisi likadokotela, uhlobo oluthile lwegumbi, kungahle kube yigumbi lasesibhedlela, futhi uxilongiwe, neshethi lakhe likhunyuliwe, ku—kusebeleni lakho, futhi yizimila, futhi zombili zisemabeleni, nodokotela ufuna ukuzikhipha. Kunjalo impela. Uthe ufanele ukwenze masinyane, kokubili indoda ezacile neqatha, omabili.

181 Manje, Ubani owayesehhovisi likadokotela ukubona lokho na? INkosi uJesu, Owayazi ukuthi uFiliphu wayengaphansi komuthi, noma uNathanayeli. Akusikho lokho kuphela, kodwa kukhona okungalungile ngesisu sakho, futhi ngiyababona

bebambe inguyazana futhi abazi ukuthi kuyini. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na?

182 Unomunye phakathi lapha, futhi, usesimweni esibi, lowo ngumyeni wakho, uhlezi lapho kuvulandi osesitezi, futhi uyakhuleka. Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi umyeni wakho unani lapha, uzokukholwa na? Unesifo samathambo ezandleni zakhe. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Manje hamba futhi uphulukiswe, eGameni likaJesu. UNkulunkulu akubusise.

183 Sawubona, nenekazi? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na?

184 Kuthiwani ngenenekazi elihlezi khona lapha wesula amehlo akho na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakumisa lokho kujikeleza okungahambi kahle, akusindise na? Yilokho obukukhulekela. Kunjalo. Vayizelisa leloduku uma lokho kunjalo. Ubani okwaziyo wena ngaphandle kukaNkulunkulu obezokwazi lokho na? Angikwazi, ngiyakwazi na?

185 Ini. . .? Inenekazi eceleni kwalo lapho, ubukeka uthi ukuba buthaka, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Manje, uPetru noJohane bedlula esangweni elithiwa Lihle. Bathi, "Sibheke." Lokho kusho nje ukulalela engikushoyo. Unenkathazo yenhliziyo. Futhi uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu izokusindisa na? Uyakholwa ukuthi Ubeyokuphulukisa na? Uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke, ungaba nakho.

186 Uyakholwa ukuthi umama uzosinda na? Uyakholwa na? Uma u. . . Yilokho okumele lapha. Awu, leloduku onalo nawe lapho, akanawe, kodwa thatha iduku, ulithumele kuye, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uzosinda. Hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, futhi uthi "NgiyaKubonga, Nkosi."

187 Siyizihambi komunye nomunye, ngiyacabanga. Lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuhlangana na?

188 Manje, hloniphani ngokuzithoba, omunye wenze okuthize. Omunye phakathi lapha ekhuleka, ngumntwana olokhu ebonakala. Omunye ukhulekela umntwana ndawondawo phakathi lapha. Manje wena nje, noma ngabe ubani, qhubeka ukhuleka.

189 O, kumangalisa kanjani ukuba seBukhoneni baKhe! Njengoba uDavide athi, "Indebe yami iyachichima." Ningaqonda ukuthi uKristu iNdodana kaNkulunkulu evukileyo ukhona na? Impela izivumokholo zethu aziyenzanga ndikindiki inhliziyo yethu kulesosimo, asibuqondi uBukhona baKhe. Yini enye Angayenza na?

190 Ngikholwa ukuthi ungumuntu ebengikhuluma naye. Uma iNkosi uNkulunkulu izongitshela ukuthi yini inkathazo yakho, uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Umele omunye umuntu lapha. Kunjalo. Futhi umi lapha, uneduku esandleni

sakho ngabo. Lowo ngumuntu oyimpumputhe. Futhi leso yisihlobo sakho, ngumlamu wakho. Futhi isizathu bengekho lapha yingoba bawa futhi bazilimaza.

191 Uma ngikutshela ukuthi iyiphi ingxenye yomzimba wabo elimele, uzokholwa na? Balimala umhlane wabo ngenkathi bewa. Yiqiniso lelo. Uma lokho kunjalo, phakamisa leloduku kuNkulunkulu. Manje hamba ulibeke phezu kwabo futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, njengoba nje ukholiwe, kuzoba ngaleyondlela. UNkulunkulu akubusise manje.

Nje—nje kholwa.

192 Yima lapho nje umzuzu, nenekazi, awudingi ukuba uze ngapha. Ngifuna ukukutshela, ngenkathi usukuma emizuzwaneni embalwa edlule futhi waqala ukunqamula lapho, ngenkathi ngikhuluma nawe, kukhona okwenzekile, uzizwele wehlukile. Manje, ufake izibuko, obonayo futhi wazi ukuthi ngamehlo akho, ikakhulukazi kwesokunxele sakho. Kodwa uyakholwa ukuthi Uzokusindisa kulesosifo samathambo, futhi, futhi akuphulukise futhi akusindise na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Khona-ke hamba uzungeze, ujike, ubuyele ekhaya ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungasinda, noma uhambe unqamule ngqo ngalendlela uma ufisa, futhi ungabe usaba nakho, uphiliswe.

193 Woza ngaphambili, nenekazi. Ngabe siyizihambi komunye nomunye na?

194 Manje ngithola omunye ecabanga ngokufunda umcabango. Manje, ungacabangi ukuthi ungayififihla impilo yakho manje, ungeke. Manje yeka ukucabanga lokho, leso yisono. Yini isono na? Ukungakholwa. "Ongakholwa uselahliwe vele."

195 Lapha, woza lapha, nenekazi. Wena. Beka isandla sakho nje esandleni sami ukuxhumana nje. Uma iNkosi uNkulunkulu izongitshela lapho ngalendlela yini inkathazo yakho, uzokholwa ukuthi kwembulwe yiNdodana kaNkulunkulu na? Bekungeke kwaba ngukufunda umcabango.

196 Bangaki abazokukholwa ngenhliziyo yenu yonke na? Phakamisani izandla zenu. Inenekazi malibe ngumahluleli.

197 Unenkathazo yamanenekazi, okuyinkathazo yabesifazane, ofuna ngiyikhulekele. Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho usisuse esandleni sami. Usuphulukisiwe manje, ungahamba ngendlela.

"Uma ukholwa, konke kuyenzeka."

198 Ukunazisa nje ukuthi Uyanazi, bukani lapha umzuzu nje, lelinenekazi lapha belinento efanayo, inkathazo yamanenekazi. Futhi qaphelani lapha, niyalibona lelonenekazi elincane elihlezi khona lapho na? Lilincane njengoba libonakala linjalo, lihlezi khona lapho kulolohlu lwesibili, izandla ziphakamele emlonyeni walo, linento efanayo, inkathazo yabesifazane, owesifazane

osemusha. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo, nenekazi. Uphulukiswe ngesikhathi esifanayo lowo wesifazane aphulukiswe ngaso. Manje hamba ngendlela yakho, uphiliswe.

199 Uma Azi ukuthi bekuyini, ngabe Uyazi ukuthi ikusasa lizoba yini na? Kulungile.

200 Nenekazi, uyakholwa ukuthi leyonkathazo yeqolo ikushiyile na? Hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Nkulunkulu." Kholwa.

201 Usibekelwe ukufa, okungumdlavuza. Kodwa uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho ukuthi uNkulunkulu uyakuphulukisa . . . Uyakukholwa na? Kulungile, hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Nkulunkulu."

202 Futhi ubunento efanayo. Ngithe, "*ubu*nento efanayo," awunayo manje. Hamba ngendlela yakho futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Nkulunkulu." Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

203 Uyafuna ukuyodla ukudla kwakho kwakusihlwa, nalokho . . . uyakholwa ukuthi leyonkathazo yesisu isukile kuwe na? Uyakukholwa na? Hamba, udle ukudla kwakho kwakusihlwa khona-ke futhi uphile, eGameni likaJesu Kristu.

"Uma ukholwa, konke kuyenzeka."

204 Nenekazi, unombulali, okuyinkathazo yenhliziyo. Kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukuphulukisile na? Hamba ngendlela yakho futhi uthokoze.

205 Umzuzwana nje. Ithunzi elimnyama lishanela indlu, ububi bangempela. Khona lapha, intombazanyana idlala ngeminwe yayo. Mama, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphulukisa lowomntwana ngalezozithuthwane na? Uma ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, beka isandla sakho phezu kwakhe futhi ucele uNkulunkulu futhi ungangabazi, futhi uzodlula kukho, eGameni leNkosi uJesu.

206 Ngiphosela inselelo ukukholwa kwenu ukuba niMkholwe! Ungosezindaweni zonke, Ulapha manje, oMkhulu (hhayi ukuthi "Ngangi"), NGINGUYE, iNkosi uJesu Kristu oMkhulu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo. Niyakukholwa na?

207 Kuthiwani ngani bantu lapha kulezizihlalo nemibhede eyizinhlaka nezinhlaka na? Niyakholwa na?

208 Kuthiwani ngaleyondoda ilele lapha na? Yebo, isandla sakho siphakeme, ulele lapho kulolohlaka. Uyakholwa, mnumzane na? Kulungile, uma ukholwa, yivuseni, eGameni leNkosi uJesu. Futhi uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, isimo somdlavuza sizokushiya, uzoya ekhaya futhi uphile. Yima ngezinyawo zakho, ungesabi, sukuma.

209 Ake sithi, "Mayibongwe iNkosi," wonke umuntu. UJesu Kristu uyaphila futhi uyabusa. Nginiphosela inselelo ukuba nikukholwe. Niyakukholwa na? Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye.

210 Manje asikhuleke.

211 O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, Mnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thumela uMoya waKho, Nkosi, phezu kwezinhliziyo zabantu futhi ubonakalise amandla aKho amakhulu. Baphulukise, Nkosi. Nika udumo kulomhlangano. EGameni likaJesu Kristu, ngiyakucela. Amen.

212 Asithi, "Ayibongwe iNkosi," wonke umuntu. INkosi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo, ilapha. Yimani ngezinyawo zenu umzuzwana nje, sukumani futhi niMnike udumo nenkazimulo. Phakamiselani izandla zenu kuYe. "Mnikeni udumo nonke nina bantu, ngokuba iGazi laKhe lingageza lisuse. . ."

